# INQUBO YOKUHLAZIYWA KOMTHELELA KWEZEMVELO
## (Isicelo Sokuhlaziywa Komthelela Kwezemvelo kanye Neselayisensi Yokulawulwa Kukadoti)

**UKUTHELWA KOMLOTHA OKUQHUBEKAYO OKUHLONGOZWAYO ENDAWENI YOKUCHITHA UMLOTHA EKHONA ETUTUKA POWER STATION, ESIFUNDAZWENI SASEMPUMALANGA**

**Inombolo Yerifarensi Ye-DEA: 14/12/16/3/3/3/52 kanye neRifarensi Ye-NEAS: DEA/EIA/0001416/2012**

## UHLAKA LOMBIKO WOMTHELELA KWEZEMVELO LUYATHOLAKALA UKUBA LUBUYEKEZWE UMPHAKATHI

Ngokwesaziso sangaphambilini, sangomhla-6 Novemba 2012, futhi esafakwa ngokuvumelana noMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelonke (No 107 ka-1998), neSaziso Sikahulumeni R543 esashichilelwa ngo-Juni 2010 senqubo Ehlangene Yesigunyazo Sezemvelo (Isicelo Sokuhlaziywa Komthelela Kwezemvelo kanye Neselayisensi Yokulawulwa Kukadoti ngokweSigaba 19(1), uMthetho Wokulawulwa Kwezemvelo Kuzwelonke: Udoti, uMthetho No 59 ka-2008) bonke abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekayo (ama-I&AP) bayaziswa ukuthi uMbiko Wohlaka Lomthelela Kwezemvelo (DEIR) wokuthelwa komlotha okuqhubekayo okuhlongozwayo endaweni yokuchitha umlotha ekhona eTutuka Power Station, eduze nase-Standerton, eSifundazweni SaseMpumalanga uzotholakala kulezi zindawo ezingezansi (amakhophi ephepha), kuwebhusayithi ye-Lidwala Consulting Engineer's ethi (http://www.lidwala.com) naku-CD (uma wenze isicelo esibhalwe phansi), ukuze ubuyekezwe futhi nifake uvo lwenu phakathi nenkathi yokuveza uvo eqala **ngoMsombuluko, 21 Julayi 2014** kuya **ngoMsombuluko, 1 Septemba 2014** (ekupheleni kosuku lwebhizinisi:

| Indawo | Amahora Omsebenzi | Ikheli Lomgwaqo | Ino. Yokuxhumana. |
|---|---|---|---|
| Umtapo Wolwazi Womphakathi e-Standerton | 08:30 – 16: 30 | Ekhoneni loMgqwaqo i-Beyers Naude no-Mbonani Mayisela, e-Standerton | 017 712 9678 |
| ETutuka Power Station Main West Gate Security Reception | 07:00 – 16:00 | Phakathi kwe-Standerton noMgwaqo i-Bethal (ngemva kuka-R 38) | 017 749 9111 |

## ISIMEMO SOMHLANGANO WOMPHAKATHI

Abantu abanomdlandla kanye/noma abathintekile (I&APs) bayamenywa ukuthi bathamele umhlangano womphakathi oyoba ngalolu suku:

| Usuku | Isikhathi | Indawo |
|---|---|---|
| NgoLwesine, 31 Julayi 2014 | 17: 00 – 18: 00 | Ulwazi Primary School Hall, Thuthukani |

Inhloso yalo Mhlangano Womphakathi ukunikeza umphakathi umbono ngale phrojekthi ehlongozwayo, inqubo ye-EIA bese kulandela ukufingqwa kwalokho okutholwe ukuhlaziywa komthelela kwezemvelo kanye nezinyathelo zokunciphisa imithelela emibi ezihlongozwao njengoba zibhalwe ku-DEIR, kunikezwe ama-I&AP ithuba lokuxoxa nethimba lephrojekthi, nokuveza uvo lwawo kanye/noma lokho okuwakhathazayo mayelana nale phrojekthi ehlongozwayo.

Sicela ubhale yonke yonke imibuzo yakho noma uvo lwakho ukuthumele kuBasebenzi Bezokubamba Iqhaza Komphakathi abangezansi:

**Nicolene Venter** noma **Bongi Mhlanga**
**Lidwala SA (Pty) Ltd**

P.O. Box 32497, Waverley, 0135
Ucingo: (0861) 543 9252
I-Fax: (086) 764 9282
I-E-mail:tutukaeia@lidwala.com